NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2021

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-17. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
3. Phendula zonke IZIQEPHU.
4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
5. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
6. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
8. Shiya umugqa emva kwempendulo.
9. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

INTANDOKAZI / 14 **FEBRUARY** 2019, 4:00PM / UPHILI MJOLI



KUMTHATHE iminyaka emithathu ukugcwalisa isaka elilodwa likadoti uthisha wesikole esigcine siphumelela emncintiswaneni wokuqoqa imfucuza/udoti ohlelwa iCoca Cola Beverages South Africa (CCBSA).

U**Nksz** Mathombi Khwela ofundisa ibanga 3 Eqinisweni Primary, eMatikwe, eNanda, uthe wacishe wawushiya phansi umncintiswano ayekade ezingenele yena kuwo ngoba ezwe ukuthi kutholakala imiklomelo esiza ekuthuthukiseni isikole.

Uthe wawuthanda umncintiswano emuva kokuba ezwe omunye wothisha owumngani wakhe ekhuluma ngezinto asebezenzile ngokusizwa ngabakwaCCBSA.

"Umngani wami wayejabula uma exoxa nangezindawo abazihambayo behlelelwe yiyo iCCBSA. Ngangizwa sengathi kulula kanti **angibuzanga elangeni**. Basinika amasaka amane, kwathiwa asiwagcwalise. Ngithe uma ngilivula elokuqala ngabona ukuthi kanti likhulu kangaka.

"Ngangikhuluma nabafundi kodwa kube ngabancane abafika nezigubhu zeplastiki, abaningi babengayingeni indaba yami. Imoto ezothatha udoti yayifika elethu isaka lingewona nohhafu. Umuntu oqoqayo wayejabha esefikile uma ebona ukuthi kanti uzothatha into encane kangaka. Kwaze kwafika lapho engitshela khona ukuthi kumosheka uphethroli uma efika udoti ungenele. KwaCCBSA bangitshela ukuthi bazongikhipha. Inhliziyo yami yayibuhlungu ngoba uma ngibiziwe ngizobuka ezinye izikole sezithola imiklomelo yazo, othisha engangikhuluma nabo babethi kulula. Banginika amasu kodwa awangisizanga."

IEB Copyright © 2021

Uthe kwaba khona umehluko ngo-2016 esethola ukuthi kanti angafaka namaphepha. Ngelinye ilanga wahamba nothishomkhulu wesikole beye emcimbini wabawinile sebeyothola izindondo.

"Uthishomkhulu wabona umsebenzi wezinye izikole wabuya ekhuthazekile. Wathi ngeke sehlulwe ngezinye izikole ngokucosha udoti, kuzomele sibambisane. Sasisebenzisa imoto yakhe sihambe ngayo siyocosha udoti emizini ebenemicimbi ngezimpelasonto, othisha nabo benza okufanayo. Kwaba nomunye uthisha ongisizayo."

Ukwanda kwezigubhu, amathini namaphepha esikoleni kwaba nenkinga yokuthi kumele abheke ukuthi ungagcwali egcekeni lesikole. Uthi abafundi bese benokusika izigubhu baphakele kuzo uma bengawaphethe amapuleti.

"Izigubhu ezisikiwe bekwenzeka uzibone seziphephuka egcekeni, lapho sengizobizwa abanye othisha bathi udoti wakho ususaphazekile. Emzini wami nakhona udoti ugcwele ngoba omakhelwane bawuletha khona. Ngelinye ilanga nginomcimbi ngaze ngawufaka ebhuthini ngibalekela ukuthi ubonwe yizivakashi. Izingane zami kwesinye isikhathi zivele zikhale ngenxa yokwanda kwawo ekhaya. Lokho akungikhathazi ngoba ngifuna ukukhombisa esikoleni ukuthi udoti uyimali."

Uthe umncintiswano ukwenza ukuthi uhlale ucabanga amasu amasha okuqoqa nokukhuthaza abafundi.

"Ezinkundleni zezokuxhumana kuhlale kushiwo ukuthi yisiphi isikole esihamba phambili. Uma usephansi uqhamuka namasu amasha ngoba ufuna ukwehlula lowo obona sengathi uhamba yedwa phambili."

Ngo-2017 baqoqe amathani ayi-12 bathola uR12 000 athe kuzofakwa ngawo ophephela emakilasini. Ngonyaka odlule bathole uR54 000 athe bafuna kwakhiwe ngawo umpheme (*roof*).

1.1 Le ndaba ibhalwe ngubani? (½)

1.2 Ibhalwe ngaluphi usuku? (½)

1.3 Khetha impendulo efanele:

1.3.1 Le ndaba ibhalwe (ekuseni, ntambama, ebusuku). (½)

1.3.2 Eqinisweni Primary yisikole samazinga (aphansi, aphezulu, aphakeme). (½)

1.4 Umncintiswano wani abakhuluma ngawo lapha? (1)

1.5 Kungani lesi sikole singenele lo mncintiswano? (1)

1.6 Kumthathe isikhathi esingakanani lo thisha ukuze awine lo mncintiswano? (1)

IEB Copyright © 2021

1.7 Nikeza igama **elimqondofana** naleli:

1.7.1 Abantwana (impendulo isendabeni). (1)

1.7.2 Ebaleni (impendulo isendabeni). (1)

1.8 Nikeza igama **elimqondophika** naleli:

Isitha (impendulo isendabeni). (1)

1.9 Lo mncintiswano wawubuye udale izinkinga kulo thisha.

Yiziphi lezi zinkinga? Bhala ezimbili. (2)

1.10 Chaza lesi simo sokukhuluma: "**Angibuzanga elangeni**." (1)

1.11 Ungamchaza njengomuntu onjani uNksz Mathombi? Sekela impendulo yakho. (2)

1.12 Nikeza le ndaba isihloko esiyifanele. Kungani uyipha le si sihloko? (2)
[15]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 2

Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Isithombe: <www.google.com>]

2.1 Bangaki abantu **abagqoke izibuko** kulesi sithombe? Bhala inombolo ngesiZulu esifanele. (1)

2.2 Ngokwesithombe, yisikhathi sini manje? Bhala ngamagama esiZulu. (1)

2.3 Bhala isibonelo esisodwa esibonisa lokhu esithombeni:

2.3.1 ubuchwepheshe (1)

2.3.2 imvelo (1)

2.4 Chaza indlela yokugqoka nokuziphatha kwabantu besifazane kule ndawo. Sekela ngamaphuzu amabili. (2)

2.5 Ngombono wakho, yini ehlanganisa laba bantu futhi bazokwenzani lapha? (2)
[8]

UMBUZO 3

Funda isikhangiso esingezansi bese wenza umsebenzi olandelayo.

Isikhala Somsebenzi
Uweta
(Inombolo yomsebenzi: 01/009/201)

Kunezikhala zomsebenzi ezivulekile endaweni yokudlela i**Khululeka Restaurant**. Kumenywa abafundi abaphase *uGrade-12* ukuba bathumele izincwadi zokufaka izicelo zalo msebenzi.

Izinto ezidingekayo kwabafaka izicelo:

- Iminyaka eyi-18.
- Ubunono.
- Ukuzimisela ukungena ekuseni kakhulu nokuphuma ebusuku kakhulu ngezinye izinsuku.
- Ukukwazi ukusebenza ngaphansi kwengcindezi.

Abenze izifundo zokupheka bayocatshangelwa kangcono.

Izicelo zingathunyelwa ekhelini elilandelayo:

UMphathi jikelele
Khululeka Restaurant
123 Chris Hani Road
Johannesburg
2021

Usuku lokuvalwa kokwamukelwa kwezicelo: 31 kuNovemba 2013

Qaphela: Izincwadi eziyofika ngemuva kosuku lokuvala aziyukwamukelwa. Uma singakuthintanga emuva kwamasonto amabili kuyobe kusho ukuthi isicelo sakho asamukelwanga.

[Kucashunwe kwi-inthanethi]

3.1 Sithunyelwa kusiphi isifundazwe isicelo lapha? (1)

3.2 Yiluphi uhlobo lokuxhumana olusetshenziswa ukufaka lesi sicelo? Sekela impendulo yakho. (2)

3.3 Bhala lokhu ngesiZulu esiphelele/ sangempela: "*uGrade-12*." (1)

3.4 Yiqiniso yini ukuthi kuzothintwa wonke umuntu emva kwamasonto amabili? Sekela impendulo yakho. (2)

3.5 Ikhono elinjani elokusebenza ngaphansi kwengcindezi? (1)
[7]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 4

- Funda le ndatshana bese UYIFINGQA ngamagama angama-**50** kuya kwangama-**60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-5 NOMA amabhulethi. UNGABHALI isigaba.
- Sebenzisa amagama akho emishweni.
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

(UVanilla akekho esikoleni, uthisha wakhe weZibalo uMnumzane Tutu ukhuluma naye kumakhalekhukhwini)

UVanilla: Sawubona, uVanilla okhulumayo ngingakusiza ngani?
UMnu T: Yebo sawubona, kwangcono lwaphendulwa nguwena ucingo Vanilla.
UVanilla: (Ethukile) Ngikhuluma nobani?
UMnu T: Ukhuluma nomnumzane Tutu, uthisha wakho weZibalo.
UVanilla: Hawu! Abekho abazali bami mnumzane.
UMnu T: Ngiyazi ukuthi abekho, basemsebenzini yingakho ngikushayela kumakhalekhukhwini wakho. Kungani ungekho esikoleni ngane yami?
UVanilla: Thisha … ngi … ngi …
UMnu T: Khuluma iqiniso ngane yami, ngifuna ukwazi.
UVanilla: Ngiyagula mnumzane, ngiphethwe …
UMnu T: Angithi uyazi ukuthi namhlanje kubhalwa isivivinyo esibalulekile futhi lo msebenzi uzongena kwi-phothfoliyo? Abazali bakho bona bacabanga ukuthi wena usesikoleni angithi?
UVanilla: Yebo.
UMnu T: Manje, yini inkinga yakho Vanilla? Wena njalo uma sibhala isivivinyo esibalulekile uyagula? Vanilla, ngikhathazekile ngawe. Uzoya kanjani eNyuvesi ngonyaka ozayo uma amamaki akho engemahle? Uyabona ukuthi uzofeyila?
UVanilla: Imoto yami ifile mnumzane.
UMnu T: Uyagula? Imoto yakho ifile? Ukhulumile nabazali bakho? Bayazi ukuthi imoto yakho ifille?
UVanilla: Ngizamile ukushayela umama ucingo kepha akaphenduli. Ubaba yena akekho kulezi zinsuku, uhambe nomsebenzi.
UMnu T: Umama wakho ngimfonelile mina kodwa uyaluphendula ucingo. Ngisola sengathi awukhulumi iqiniso ngalokho ntombazane! Ngizothumela umshayeli wemoto yalapha esikoleni ukuze akulande ekhaya uzobhala isivivinyo sakho manje.
UVanilla: (Kuzwakala izwi lomuntu wesilisa ngemuva) Shh! Shh! Yima kancane (ekhulumela phansi)
Mnu T: Uthini? Ubani lo okhulumayo lapho? Yisoka lakho?
UVanilla: Cha, umabonaku …

IEB Copyright © 2021

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu abasengxoxweni nokuhlobana kwabo
- Inkinga nesisusa sengxoxo
- Ukuziphatha kwabo
- Imiphumela yokuziphatha kwabo
- Amaqiniso avezwa nguthisha

Ukwabiwa kwamamaki

Ingqikithi	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	5
Ulimi	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	2
Amagama omfundi	Umfundi usebenzise amagama akhe.	1
Amaphuzu	Izinombolo noma amabhulethi.	1
Inani	Amagama esephelele ayi **50** kuya kwayi **60**.	1
		[10]

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 5

Inkondlo efundwe ekilasini.

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

KHOHLWA BADELILE

Lase liya kozilahla kunina
Ngihleli egqumeni ngiphumule,
Ngambona uBadelile eza,
Ehaya ingoma yakhe yemihla;
"Kwasuke kwafika abelungu
Bavula ijoyini, yamthatha
UFalakhe wakhohlwa yimi."

Kwakwal' insizw' imethembis' izulu
Kwakwal' insizw' ish' ukum**lobola**,
Kodwa phind' uBadelil' ukuvuma,
Wahlalel' ethembeni njalo,
Ngelinye ilanga uyozwa
Ngo "Sikhulekile", sekuwuFalakhe.

Kwakwala izintombi zimbhuqa,
Zikhuluma zigegisa amazwi,
Linye elikaBadelile,
"Uyobuya uFalakhe!"
……

5.1 Enkondlweni, ngubani owayeyisoka? Sekela impendulo yakho. (2)

5.2 Enkondlweni, tomula umugqa okhombisa lokhu:

5.2.1 Inkulumo engaqondile ngqo. (1)

5.2.2 Isikhathi sosuku. (1)

5.3 Thola igama **elimqondofana** naleli:

5.3.1 iculo (1)

5.3.2 usuku (1)

5.4 Ikhuluma ngani le nkondlo? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

5.5 Yini ukulobola? Chaza. (2)

[10]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 6

Inkondlo efundwe ekilasini.

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

INKUMBULO

Ukuhlumelela kohlaz' emahlungwini,
Nokuqhakaza kweminduze ehlobo:
Kuyabuhlumelelis' ubuhlungu beminyaka
Ubuhlung' obuhlukumez' inhliziyo,
Iqaqamb' ingenakudanjiswa
Iqaqanjisw' iminjunju yenkumbulo,
Iminjunju yokushiywa nguwe mama.

Ukushweza komoya ehlobo,
Ubuvus' ubucambalalis' utshani,
Zenanela nezinyoni ngemvunge:
Kungikhumbuz' elakh' iphimbo,
Unqambothi lomzwilili woqobo,
Elalisho kuvuk' using' endodeni,
Elalisho kusiphuzel' unwel' endodeni,
Elalisho kugcwal' usiz' emoyeni.

Ukuqhakaza kwezinkanyezi zomkhathi,
Ziminyiza zifiliz' okwezinhlansana:
Zingikhumbuz' awakh' amehlo
Ayekhany' okwezomlil' izinhlansana.
Zingikhumbuz' olwakh' uthotho,
Olwaluthothene lumhlophe njengeqhwa.
Zingikhumbuz' obakh' ubuhle
Obabungadle ngakugqama ngebala,
Obabugqame ngobumnen' obunzulu.

Ukuguquka kwezikhathi zonyaka,
Ubusika budedelana nehlobo,
Imini idedelana nobusuku;
Kungivusel' umunyu nethemba,
Ngokubikezel' ukuncipha kwempilo
Ngokusondez' olufihliw' usuku,
Usuk' olusidibanisa nomama
Siwolane, sibambane ngentokozo
Sishwibek' emadlelwen' entokozo
Kungasekho kuf' okosehlukanisa.

IEB Copyright © 2021

6.1 Enkondlweni, tomula UMUGQA ochaza lokhu.

6.1.1 Imbongi **yashonelwa** ngumzali (estanzeni sokuqala). (1)

6.1.2 Ukushintsha **kwezikhathi zonyaka** (estanzeni sesine). (1)

6.2 Ngamaphuzu AMABILI, shono ukuthi imbongi ikhuluma ngani kule nkondlo. (2)

6.3 Bhala **indikimba** etholakala kule nkondlo. (1)

6.4 Imbongi yayikusiphi isimo ngesikhathi ibhala le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.5 Sihambelana kanjani isihloko nenkondlo? Chaza ngamaphuzu amathathu. (3)
[10]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 7

Inkondlo engafundwanga ekilasini.

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

NAWE UNAKHO NJE

Wanginqumela ogodweni nje,
Wangihamba **phansi** kwezinyawo nje,
Wababaza intokomalo yezandla zami,
Wababaza ubumsulwa nobumnene benhliziyo yami,
Wadla inhlaba waba ugedleyihlekisa wenhlekisa,
Wakunika nje uMdali okwakho wehluka kimi nabanye.

Uyihlo nonyoko basibona isiphiwo kuwe
Ingani waphuma naso usifumbethe esandleni
Babona kungenele bakwetha elika Siphiwosenkosi
Ingani nawe bebekuphiwe, nawe uphiwe ezakho izipho
Pho ongaka umona ngowani?
Nawe unakho nje.

Ingan' izinkomo zibulal' inyoka
Usenga udle uwachithe amasi,
Onokuncane akusebenzele kanzima usezithele
Kufanele agoduswe ngoba usenezimpiko
Kwazinyoni ngazibona zindiza zonkana
Pho kungani ngingekhuphuke kunye nawe sonkana?

Siphiwe, ngidedele ngoba nawe unakho
U**g**aniwe, **ng**i**g**aniwe, unezi**ng**ane **ng**inezi**ng**ane
Nginomuzi unawo muhle
Sengikwazile iminyaka elishuni
Uyisikhulu uhloniphekile
Pho onakho njengawe wamzondani?

Kwaxabana ubendle saxakeka sonke,
Wagombela kwesakho waba yigovu,
Hlambuluka uphile njengabantu ebantwini
Ngikubona uzulelwa ngamanqe nje
Waze wazehlisa mhlonishwa wansondo
Nawe unakho nje.

7.1 Tomula **impindwa** kule nkondlo. (1)

7.2 Veza izinhlobo **ezimbili zokuxhumana** estanzeni 1 bese unika izibonelo. (2)

7.3 Bhala isizura esestanzeni 2. (1)

IEB Copyright © 2021

7.4 Hlobo luni lwesifenqo lolu? Umugqa 24? (1)

7.5 Umugqa 20 unamagama nezinhlamvu ezigqamile. Kuyini lokhu okugqamile? (2)

7.6 Phawula ngezitanza nemigqa kule nkondlo. Bhala amaphuzu amathathu. (3)

[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 8

Sebenzisa le khathuni ukuphendula imibuzo elandelayo.



8.1 Sebenzisa amabizo **abhalwe ngokugqamile** enkulumeni kaJames ukwenza lokhu:

8.1.1 Bhala **izabizwana zoqobo**.

(a) igama (1)

(b) imali (1)

(c) abakhongi (1)

8.1.2 Bhala **izabizwana zokukhomba eduze** ngamabizo owabhalile.

(a) igama (1)

(b) imali (1)

(c) abakhongi (1)

8.2 **Nciphisa** amagama alandelayo.

8.2.1 imali (1)

8.2.2 isithandwa (1)

8.2.3 yintombazane (1)

8.3 Lungisa amagama akubakaki ukuze kuzwakale kahle.

UJames 8.3.1 (thanda) noZodwa futhi uzimisele ngempela 8.3.2 (shada). Phela uZodwa yintombi 8.3.3 (phatha) kahle endaweni yaseMlazi. UJames uchitha isikhathi esiningi 8.3.4 (ihhovisi) lakhe. Edesikini 8.3.5 (yena) uhlale ebeke isithombe 8.3.6 (uZodwa). (6)

IEB Copyright © 2021

8.4 Qala le misho engezansi ngegama elikubakaki.

8.4.1 UJames uthumela (abakhongi). (1)

8.4.2 Abazali badla (ilobolo) namhlanje. (1)

8.4.3 Izithandani zijabulela (imali eningi). (1)

[18]

UMBUZO 9

Funda le khathuni bese wenza umsebenzi olandelayo.



9.1 Qala imisho njengoba ukhonjisiwe.

9.1.1 USlay queen unemali eningi.

Cha … (1)

9.1.2 "Ngicela ukuthenga igwinya noshizi, anginayo imali." Kusho uSlay queen.

USlay queen uthi … (1)

9.1.3 "Angikweletisi."

Yebo … (1)

9.1.4 Manje uthenga iyababa.

Ngonyaka ka 2010 … (1)

[4]

UMBUZO 10

Sebenzisa isithombe esingezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



10.1 Bhala **ondaweni** esikhundleni samabizo akubakaki. Bhala **impendulo kuphela**.

10.1.1 (**Ingubo)** yakhe kukhona ibhande elihle. (1)

10.1.2 Kumnandi impela (**usuku)** lwezithandani uma nizobonana. (1)

10.2 Bhala **izivumelwano zeziphawulo** ezifanele emagameni akubakaki. Bhala IMPENDULO KUPHELA.

10.2.1 UThando Thabethe ugqoke ingubo (-hle) kakhulu namhlanje. (1)

10.2.2 Yena uthanda izicathulo (-de) impela. (1)

IEB Copyright © 2021

10.3 **Khetha** igama elilungile ebhokisini ukugcwalisa izikhala. BHALA IMPENDULO KUPHELA.

uthando	othandweni	isithandwa	ukuthandwa	nithandana

10.3.1 _____ luhlanganisa abantu ababili. Uma 10.3.2 _____ sakho sikuphathela izimbali ujabula kuze kuvele elomhlathi. Phela kumnandi uma 10.3.3 _____ nizwana. Kuhle 10.3.4 _____ ngumuntu ofuna okwenza uhlale ujabulile. (4)

[8]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2021